**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO ECORNFIELD EMTSHEZI NGOLWESINE MHLAKA 24 MARCH 2011.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaMabaso;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eCornfield sizokuthi ayaphela amaphupho manje. Sizobongela umphakathi walapha ngokuthi ekugcineni ukukhala kwawo kuzwakele ezindlebeni zikaHulumeni wabo.

Ngakho-ke uma siqala le nkulumo yethu sithanda ukusho nani mphakathi walapha sithi, 'Halala Cornfield halala! Phambili ngokubambisana komphakathi noHulumeni phambili! Phansi ngabaholi bendawo abadla ngandoda phansi! Phambili nentuthuko engacheme naqembu phambili!

Namhlanje inhliziyo yami ijabule kakhulu ngokubona into ebesizibophezela ngayo esikhathini esingaphansi kwamasonto amabili edlule seyenzeka ngokushesha okungaka. NgoLwesibili mhlaka 15 kule nyanga bengimenywe emcimbini obuwenziwa ngokubambisana phakathi kukaHulumeni wesifundazwe nomasipala waseMnambithi.

Ngenkathi ngisenza amalungiselelo okuya lapho ngibe sengithintwa uKhansela uDlamini engibuza ukuthi njengoba ngiya lapho, ngagcina ngitheni ngenkinga yomgwaqo walapha eCornfield u-D489. Ukhale ngokuthi akazi ukuthi uzothini kubantu uma bembuza ukuthi ngidlula kanjani kule ndawo ngiye eMnambithi ngibe ngingakaluxazululi udaba lwabo.

Lokhu kusukela esikhathini engifike ngaso lapha ngonyaka odlule ngize ngokunye, ngafike ngabona insambatheka yomgwaqo. Kungaleso sikhathi-ke lapho ngathembisa ukuthi ngizokuya kobheka ukuthi akukho yini okungenziwa ukulungisa isimo bese ngibuya nempendulo. Kusijabulisile-ke ukuthi ngenkathi kusabhekwa nokuthi yini ekhona ezinqolobaneni zethu, uMnyango ukwazile ukuthi ugugule itiyela ebese ligugile sekuyilona elenza kungahambeki.

Ngalelo langa lomhlaka 15 ngahlangana-ke namalungu omphakathi abalelwa emakhulwini ambalwa, kodwa kwacaca ukuthi akukuningi esingakukhuluma nesingakwenza ngalelo langa ngoba vele ngangiphuthuma futhi nokufika kwabo abantu kwathi ukulibaziseka ngenza yezingqinamba ezinye esatshelwa zona.

Ababekhona lapho bazongifakazela ukuthi ngemuva kokuxoxisana nabo, ngabe sengizibophezela, ngasho ngomlomo ngathi lo Ngqongqoshe uzobuya engakapheli amasonto amabili ngizokwenza umcimbi omkhulu ozokuba nabantu abaningi, wokuhlaba isoyi njengosiko lwethu kuHulumeni esilwenzayo uma kunemisebenzi esiyiletha emiphakathini.

Njengoba ngithe uma ngiqala lapha ngakhuthaza ukubambisana komphakathi noHulumeni, nakuwo wonke-ke lo msebenzi ngithanda ukuthatha leli thuba ngibonge umphakathi walapha okwazile ukuphumela obala ukhulume noHulumeni wesifundazwe ngenkinga obhekene nayo. Ngihlale ngisho zonke izindawo lapho sihamba khona ngithi ukubambisana yikona okungukhiye wentuthuko. Uma kunokubangisana njalo intuthuko iyohlale ihambela kude.

Phela njengoba sisho kanjena nje, inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngamakhansela athile kanye nezikhulu zikaHulumeni ezingafuni ukuxhumana neminyango yesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani ngendlela efanelekile. Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Angisho ukuthi ngikhomba bani kule ndawo yalapha mayelana nokubambisana kobuholi be-local nesifundazwe, kodwa inhliziyo yami ike yaba buhlungu kabi ngeloluya suku ngenkathi ngixoxisana nomphakathi walapha kwase kuvela ukuthi phakathi kwezinye izinkinga abantu ebabhekene nazo ngukugugelwa izindlu ngokushesha ngenxa yomuhlwa kuleya ndawo.

Ngabe sengibuza sengikhumbula ukuthi kwakunohlelo lwezindlu olwaluhlongozwe kusaphethe uMabuyakhulu kwezeZindlu kule ndawo. Uma ngibuza ukuthi kwagcinaphi ngalo kwavela ukuthi kwathi kuzokuba nomhlangano nabalo Mnyango weZindlu kwavukwa ekuseni endaweni okuzohlanganelwa kuyona sekubhalwe ukuthi asizifuni izindlu zenu. Awubange usabakhona lowo mhlangano, lwabhuntsha kanjalo-ke uhlelo lwezindlu.

Ngavele ngazibuza nje ukuthi imbude yensumansumane ongayenza njani lena? Kodwa kumele sisho kubantu bakithi ukuthi angeke saba khona isimo esinjengalesi uma kuphethe abantu abaziyo ukuthi kusho ukuthini ukubuswa intando yabantu. Bheka nje manje, umphakathi usuyahlupheka ngenxa yokubangisana esikhundleni sokubambisana ngokuthi ngubani oletha intuthuko.

Kulo msebenzi esiwuletha lapha namhlanje sizofaka itiyela elingu-11,2 km ngemali engu-R77 million. Sizoqhubeka-ke futhi nomgomo wethu wokuthi uhlelo lokwakha lonke kumele luqinisekise ukuthuthukiswa kwamakhono nomnotho kubantu bendawo.
Sifuna osonkontileka abazokwakha lapha benze nezinhlelo zokuqasha baphinde bathuthukise namakhono kubantu bendawo. Angaphezulu kuka-240 amathuba emisebenzi azodaleka kubantu bendawo lapha. Nezimpahla zokwakha ezitholakalayo kumele bazithenge kosomabhizinisi bendawo. Siyanxusa-ke ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu hhayi amalungu eqembu elithile.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, njengoHulumeni kubalulekile ukuba sinxuse abantu bakithi ukuthi basibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Phakathi kwezinselelo esibhekene nazo ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo.

Yingakho-ke uthola ukuthi emalini ebalelwa ku-R216,5 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni sasoThukela kule nyaka yezimali u-2010/2011 no-2011/12, ingxenye eningi yayo ingene ezindaweni zasemakhaya.

Elinye iqiniso futhi ngukuthi phela enye inselelo esibhekene nayo KwaZulu-Natal ngukuthi kuke kwadingeka izinhlelo zentuthuko zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Siyazi ukuthi bekungenzeki lutho oluphucula izimpilo zabantu ungakathathi uHulumeni kaKhongolose. Yingakho sinibongela futhi ukuthi abanye benu lapha bagcine sebebona ukuthi ngubani okumele ahole uHulumeni wenu esifundazweni.

Nakuba silikhalela leliya shumi leminyaka elalahleka, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka eyisithupha esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona umehluko. Sekuyabonakala ukuthi ishumi leminyaka manje lizophela usumkhulu umehluko owenzekile. Kodwa sikhuluma ngoHulumeni wesifundazwe lapha, mhlambe kusamele sibone ukuthi siluletha kanjani uguquko nakumasipala.
Sengigcina, ngifuna ukubuza into eyodwa nje ukuthi ukhona yini ongasusa uHulumeni uma engasohlangothini lwabantu bakhe? Uma engekho-ke ubani okumele aqinisekise ukuthi akasuki lowo hulumeni? Inselelo yenu-ke leyo njengabavoti.

**Siyabonga**